Isifundo 6

** 1–7 Nhlolanja*

Kusuka Ekuzigabiseni Kuye Ekubhujisweni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Daniyeli 5, Isambulo 17:4-6, IHubo 96:5, Kolose 1:15-17, Roma 1:16-32, UMshumayeli 8:11, Isambulo 14:8.

Indimana Yekhanda:
"Uyaguqula izikhathi nezinkathi, uyasusa amakhosi, abeke amakhosi, unika abahlakaniphileyo ukuhlakanipha, nokwazi kwabaqonda ukwazi" (Daniyeli 2:21).

KuDaniyeli 5, iZwi likaNkulunkulu lisinika isibonelo esinamandla sokuzikhukhumeza komuntu okwaphetha ngendlela eyethusayo nebabazekayo. Noma kungathiwa kwamthatha isikhathi eside uNebukadinesari ukufunda isifundo sakhe, kodwa wasifunda. Umzukulu wakhe, uBelshesari, akasifundanga. Ngokusebenzisa izitsha zethempeli edilini lasesigodlweni, uBelshesari uyazingcolisa lezo zitsha. Isenzo esinjalo sokungcolisa izinto ezingcwele asilingani-nje kuphela nokuphonsela uNkulunkulu inselele, kodwa futhi ukuhlasela uNkulunkulu uqobo lwaKhe. Kanjalo-ke uBelshesari ugcwalisa indebe yobubi bakhe, enza njengophondo oluncane (bheka kuDaniyeli 8), olwahlasela izisekelo zethempeli likaNkulunkulu. Ngokuphuca uBelshesari umbuso, uNkulunkulu wayenza umfuziselo walokho ayokwenza ezitheni zabantu baKhe ezinsukwini zokugcina. Izigameko okukhulunywa ngazo kuDaniyeli 5 zenzeka ngomnyaka ka 539 B.C., ubusuku lapho iBhabhiloni lanqontshwa yimpi yamaMedo-Pheresiya. Lapho-ke kwenzeka ukusuka egolideni, kuye esiliveni njengalokho okwakuprofethwe kuDaniyeli 2. Obunye ubufakazi lobu bokuthi uNkulunkulu uyabusa ezindabeni zomhlaba.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 8 Nhlolanja.*

Idili LikaBelshesari

Funda kuDaniyeli 5:1-4 kanyekanye noDaniyeli 1:1, 2. Yini lena embi kangaka ayenzayo uBelshesari na? Lokho kusembula kanjani isimilo sakhe sangempela? Qhathanisa izenzo zakhe neSambulo 17:4-6. Utholani efanayo kukho kokubili na?

Inkosi iyalela ukuthi kulethwe izitsha ezingcwele zasethempelini laseJerusalema kuzophuzwa ngazo utshwala. UNebukadinesari wayeziphange ethempelini laseJerusalema, kodwa wazibeka endlini kankulunkulu wakhe, okutshengisa ukuthi uyabuhlonipha ubungcwele bazo. Kodwa uBelshesari wenza lezitsha kube ezokuphuzela ngendlela ehlambalaza kakhulu kabi. Ngesikhathi kuphuzwa ngalezitsha, izinduna zikaBelshezari "batusa onkulunkulu begolide, nabesiliva, nabethusi, nabensimbi, nabomuthi, nabetshe" (Daniyeli 5:4). Kubalulekile ukuthi siphawule ukuthi kubalwe izakhi eziyisithupha. AbaseBhabhiloni babesebenzisa uhlelo okuthiwa yi sexagesimal okusho uhlelo olwesekelwe phezu kwenombolo u 60, ngokungafani nenqubo yama-decimal esekelwe phezu kwenombolo u 10, olusetshenziswa namhlanje.

Ngaleyo ndlela-ke, izigaba eziyisithupha zezithixo zimele ukuphelela kwezithixo zaseBhabhiloni, ukuphelela kwenkolo yaseBhabhiloni. Kuyathathekisa ukuthi ukulandelana kwezakhi kuhambisana nokulandelana kokusansimbi ephusheni lesithombe likaNebukadinesari, ngaphandle kokuthi ukhuni luthathe indawo yobumba. Njengasephusheni, itshe liqhamuka ekugcineni; yize ukuthi lapha liyinxenye yalokho okwakhe izithixo, futhi itshe lisikhumbuza ngokwahlulela kukaNkulunkulu imibuso yasemhlabeni (bheka kuDaniyeli 2:44, 45) iBhabhiloni elingumfuziselo wayo. Lelidili liyisifanekiso esihle seBhabhiloni lanamhlanje njengoba silibona encwadini yeSambulo. NjengoBelshesari, owesifazane eBhabhiloni lezikhathi zokugcina uphethe indebe yegolide, anike izizwe isiphuzo esingcolile. Ngamanye amazwi, ngokusebenzisa imfundiso yamanga nohlelo lokukhonza olwedusayo, iBhabhiloni lanamhlanje lidonsela izwe ebubini (Sambulo 17:4-6), linganakile ukwahlulelwa okuzolehlela masinyane. Ngelinye ilanga kuzofika ukwahlulelwa.

Yiziphi izindlela umphakathi wethu nesizwe sethu abahlambalaza ngazo iqiniso leliZwi likaNkulunkulu na? Singenzenjani ukuze singabi yinxenye kulokho kuhlambalaza, ngisho nangezindlela eziwumshosha-phansi? Woza nempendulo yakho eklasini ngeSabatha.

Isivakashi Esingamenyiwe

Funda kuDaniyeli 5:5-8. Kwenzekani, futhi kungani inkosi isabela ngalendlela? Lendaba ifana kanjani noDaniyeli 2, futhi lokho kufana kubaluleke ngani? (bheka iHubo 96:5, Kolose 1:15-17.)

Njengoba uNebukadinesari wayenza ngezikhathi ezibucayi (Dan. 2:2, Dan. 4:7), uBelshesari wabiza abafunda izinkanyezi, amaKaledi, nabalumbi ukuze bachaze lombhalo oyimfihlakalo. Ukuqinisekisa ukuthi benza konke okusemandleni abo, inkosi ibathembisa udumo olukhulu: (1) izembatho ezibubende, okungumbala owawugqokwa abasebukhosini endulo (Esteri 8:15); (2) umgexo wegolide, okwakuluphawu lwesikhundla esiphezulu emphakathini (Genesise 41:42); (3) isikhundla sokuba ngowesithathu embusweni. Lomklomelo wesithathu uyisifanekiso esifhle somlando weBhabhiloni ngaleso sikhathi. Ngoba uBelshesari wayengumbusi wesibili ebambisene noyise uNabonidus, uphana ngesikhundla sombusi wesithathu. Kodwa phezu kwalemiklomelo ekhangayo, izihlakaniphi ziyehluleka ukuqhamuka nencazelo. Phezu kwazo zonke izono zayo, inkosi manje izama ukuthola ukuhlakanipha endaweni okungeyona. Izazi zaseBhabhiloni azikwazi ukuchaza umbhalo. Ubhalwe ngolimi lwabo, isiAramaic, njengoba sizobona kusasa, kodwa azikwazi ukuchaza lamazwi. Lokhu kungasikhumbuza lokho uNkulunkulu akusho ngoIsaya: "Ukuhlakanipha kwabahlakaniphileyo babo kuyakuphela, nokuqonda kwabaqondileyo babo kuyakusitheka" (Isaya 29:14). Esecaphune lendimana, umphostoli uPawulu wathi: "Siphi isazi na? Uphi umbhali na? Uphi umphikisi walesi sikhathi na? UNkulunkulu kakwenzanga kube yize ukuhlakanipha kwaleli zwe na? Ngokuba njengalokho ekuhlakanipheni kukaNkulunkulu izwe alimazanga uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwalo, kwaba kuhle kuNkulunkulu ukusindisa abakholwayo ngobuwula bentshumayelo" (1 Korinte 1:20, 21).

Amanye amaqiniso abaluleke kakhulu ukuthi angayekelwa ebantwini ukuba bazame ukuwasombulula ngokwabo. Kungakho-nje uNkulunkulu, ekhetha ukuwembulela thina lamaqiniso.

Cabanga ngemivuzo eyayithenjisiwe, ubheke lokho okwakuzolandela masinyane, yayiyize kangakanani leyo mivuzo. Lokhu kufanele kusitsheleni ngokudlula kwezinto zalapha emhlabeni, nokuthi sidinga njalo ukucabanga ngokwaphakade kukho konke esikwenzayo?

Yangena Indlovukazi

Funda kuDaniyeli 5:9-12. Ithini indlovukazi ngoDaniyeli, okuyinto inkosi okwakufanele ngabe yayiyazi? Kusitshelani ukuthi inkosi nokuthi kukhona umuntu onguDaniyeli?

Ngesikhathi kukhona ukudideka endlini yedili ngenxa yombhalo ongaziwa osodongeni, kwangena indlovukazi izokweluleka inkosi ethithizayo. Ikhumbuza inkosi ngoDaniyeli owakwazi ukuchaza amaphupho nokusombulula izimfihlo ngesikhathi sikaNebukadinesari. Ukuba uBelshesari wayehlakaniphe njengenkosi eyayingaphambi kwakhe, wayezokwazi ukuthi angaphendukela kubani ukuze athole incazelo yalombhalo oyimfihlakalo. Ukungenelela kwendlovukazi kwakudingeka, ngoba ngalesikhathi inkosi yayibamba iyeka. Amazwi endlovukazi ezwakala njengawokusola kuBelshesari ngesenzo sakhe sokungamnaki okunguyena muntu kuphela embusweni ongachaza lombhalo. Iyaphinda itshela inkosi ngesimilo sikaDaniyeli: Lomprofethi unoMoya kaNkulunkulu oNgcwele, ukhanyiselwe, unokuqonda nokuhlakanipha kwasezulwini, unomoya omuhle, nolwazi; uphiwe ukuqonda nokuchaza amaphupho, ukuxazulula izinkinga, wayongamele izihlakaniphi, abafunda izinkanyezi, amaKaledi, nabalumbi ngesikhathi sikaNebukadinesari (Daniyeli 5:11, 12).

Ngalesikhathi, siyamangala futhi ukuthi kungani uBelshesari wayengamnakile uDaniyeli. Indimana ayisiniki impendulo eqondile kulombuzo, kodwa sithatha ngokuthi ngalesikhathi, emva kokuthi uDaniyeli esekhonze inkosi kwaze kwaba ngumnyaka wesithathu wombuso wayo (Daniyeli 8:1, 27), wayengasasebenzi ngokugcwele. Esinye isizathu kungaba ubudala bakhe. Wayeselinganiselwa eminyakeni engu 80, futhi inkosi kwakunokwenzeka ukuthi yayifuna ukufaka abantu abasha ezikhundleni zobuholi. Kungenzeka futhi ukuthi inkosi yamziba uDaniyeli ngoba ingafuni ukuzibophelela kuNkulunkulu kaDaniyeli. Kodwa noma ngabe siyini isizathu noma izizathu, kuyamangalisa ukuthi umuntu onodumo olungaka njengoDaniyeli bangamkhohlwa masinya kangaka.

Funda kumaRoma 1:16-32. Siwubona uvezwa ngayiphi indlela umthetho kulezindimana, kungeyona lendaba kuphela, kodwa emhlabeni namhlanje?

Ulinganisiwe, Watholwa Ulula

Funda kuDaniyeli 5:13-28. Unika sizathu sini uDaniyeli sokuchithwa kwalenkosi okuzokwenzeka masinyane?

Seyiphoqwa yisimo, inkosi isifuna iseluleko kuDaniyeli, kodwa nalapho imanqikanqika. Lokho kusitshela okukhulu ngendlela inkosi ecabanga ngayo ngoNkulunkulu kaDaniyeli ngaphezu kwalokho ekucabanga ngoDaniyeli. Ngakolunye uhlangothi, indlela uDaniyeli acabanga ngayo ngomklomelo usho lukhulu ngesimilo sikaDaniyeli nokuthi yiziphi izinto ezibalulekile empilweni yakhe. Kungenzeka futhi ukuthi njengoba uDaniyeli wayeyazi incazelo yombhalo, wabona ukuthi lowo mklomelo uyize kangakanani. UDaniyeli usesola inkosi ngamaphuzu amathathu.

Elokuqala, uBelshesari akakunakanga nakancane okwenzeka kuNebukadinesari. Ukuba kwakungenjalo, ngabe waguquka, wazithoba njengaye. Okwesibili, uBelshesari wasebenzisa izitsha zasethempelini ukuphuza ngazo nokudumisa izithixo zakhe. Lapha uDaniyeli ukhuluma ngezakhi eziyisithupha ezasetshenziselwa ukwakha izithixo ngokulandelana kwazo njengoba sibonile ngaphambili. Okwesithathu, inkosi ayimnikanga uNkulunkulu udumo, okunguYena "ophethe umphefumulo wakho esandleni saKhe, nokungezaKhe zonke izindlela zakho" (Dan. 5:23).zw

Eseqedile ukukhuluma ngokwesilela kwenkosi, uDaniyeli uyaqhubeka nencazelo. Manje sithola ukuthi lombhalo ovela ezulwini unamagama amathathu olimi lwesi Aramaic (elokuqala liphindiwe). Ukuthi asho ukuthini kwakufanele kwazeke enkosini nezihlakaniphi zayo: MENE: "ubaliwe"; TEKEL: "ulinganisiwe," no PERES: "wehlukanisiwe."

Ngesikhathi amabutho amaMedo-Pheresiya esesesangweni laseBhabhiloni, inkosi nezihlakaniphi zayo kufanele ukuthi zasola ukuthi umbhalo ukhomba inhlekelele, kodwa izihlakaniphi zingelokothe zisho into engezukuthandeka enkosini. UDaniyeli yedwa owatholakala ekwazi ukuqaqa insambatheka yombhalo ngendlela ayezoyidlulisela ngayo kuBelshesari: "MENE: uNkulunkulu uwubalile umbuso wakho, wawuqeda; TEKEL: ulinganisiwe esilinganisweni, watholakala ulula; PERES: umbuso wakho wahlukene, unikelwe kumaMede namaPheresiya" (Dan. 5:27, 28). Lawo akusiwo amazwi enduduzo nakhuthazayo.

Ukwahlulelwa kufika ngokushesha enkosini. Singafunda kanjani ukwethemba uNkulunkulu ezikhathini lapho okwamanje, ubulungiswa nokwahlulela kungakafiki? (bheka Umshumayeli 3:17, Umshumayeli 8:11, Mathewu 12:36, Roma 14:12.)

Ukuwa KweBhabhiloni

Funda kuDaniyeli 5:29-31 kanyekanye neSambulo 14:8, iSambulo 16:19, neSambulo 18:2. Singafundani ngokuwa kweBhabhiloni likaBelshesari olukhomba ekuweni kweBhabhiloni lesikhathi sokugcina na?

Noma ngabe wayenamaphutha angakanani, uBelshesari wayeligcina izwi lakhe. Phezu kwezindaba ezimbi, weneliseka ngencazelo kaDaniyeli, okuyisizathu sokuthi amgidlabeze ngezipho ayekade ezithembisile. Kubonakala ukuthi ngokuvuma iqiniso lomlayezo kaDaniyeli, inkosi iyamvuma uNkulunkulu kaDaniyeli. UDaniyeli manje uyazamukela izipho akade ezenqabile ngaphambili, mhlawumbe ngoba lezi zipho ngeke zisaba nomthelela encazelweni yakhe. Futhi, ngalesikhathi lezipho azisasho lutho ngoba umbuso usuzokuwa vele. Ngakhoke, ukutshengisa inhlonipho, umprofethi uyayamukela imiklomelo, azi kamhlophe ukuthi uzokuba owesithathu esikhundleni sokubusa, amahora ambalwa kuphela.

Njengoba wayeshilo umprofethi, lawa iBhabhiloni. Futhi lawa ngokushesha; inkosi nezinduna zayo besaphuza, okuyilona dolobha kuphela elingazange libe nempi. Ngokubhala kukasomlando uHerodotus abasePheresiya bagubha umsele owachezukisa umfula i-Ewufrathe, bangena eBhabhiloni sebehamba esihlabathini. Ngabo lobo busuku uBelshesari wabulawa. Uyise, inkosi uNabonidus, wayesesukile emzini vele, wazinikela kubabusi abasha. Ngaleyo ndlela, okuyiwona mbuso omkhulu owake waba khona ebantwini kuze kube yileso sikhathi, wafika esiphelweni. IBhabhiloni, ikhanda legolide, kwase kuphelile ngalo.

“UBelshesari wayekade enikwe amathuba amaningi okwazi nokwenza intando kaNkulunkulu. Wayembonile umkhulu wakhe uNebukadinesari exoshwa emphakathini wabantu. Wayebonile umkhulu wakhe ephucwa umqondo ayeziqhayisa ngawo yiLowo owayekade emnike wona. Wayeyibonile inkosi ixoshwa embusweni wayo, yayohlala nezilwane zasendle. Kodwa uthando lukaBelshesari lokungcebeleka nokuzidumisa lwacisha izifundo ayefanele ukungazikhohlwa; wenza izono ezifana nalezo ezalethela uNebukadinesari izahlulelo. Wadlala ngamathuba ayewanikiwe, akaze anaka ukuwasebenzisa ukuze azane neqiniso.”—Ellen G. White, *Bible Echo,* April 25, 1898.

Yimaphi amathuba esinawo ukuze “sazane neqiniso”? Kusho ukuthini lokho? Singasho nini ukuthi sesazana nalo lonke iqiniso esidinga ukulazi?

Ukujula Nomcabango:

Iziphihli zamadili abizayo zazejwayelekile ezigodlweni zakuqala lapho amakhosi ayetshengisa ngobukhulu bawo nokuzethemba. Nakuba singayazi yonke imininingwane ngaleli dili, siyazi ukuthi lenziwa mhla amaMedo-Pheresiya ezilungisela ukuhlasela iBhabhiloni. Kodwa, uma sikhuluma njengabantu, kwakungekho sizathu sokwethuka. IBhabhiloni lalinezindonga eziqinisiwe, ukudla kweminyaka eminingi, Kanye namanzi amaningi, ngoba umfula i-Ewufrathe wawugeleza udabule Phakathi kwalomuzi. Ngakhoke inkosi uBelshesari wayengaboni nkinga ngokwenza idili ngesikhathi izitha zizungeza umuzi. Wabuye wayala ukuthi kuhalaliswe ngedili lotshwala. Yeko lobo bufakazi bokuziphakamisa komuntu, kakhulukazi uma kuqhathaniswa namandla kaNkulunkulu. Ngokusebenzisa uDaniyeli, uNkulunkulu watshela inkosi ukuthi yize yayithole amathuba amaningi okufunda iqiniso, "uNkulunkulu ophethe umphefumulo wakho esandleni saKhe nonguMnikazi wezindlela zakho zonke, awumnikanga udumo" (Dan. 5:23). "Umlando wezizwe ukhuluma kithina namhlanje. UNkulunkulu unendawo yesizwe ngasinye, nomuntu ngamunye ecebweni laKhe elikhulu. Namhlanje abantu nezizwe bayavivinywa ngesilinganiso esisesandleni saLowo ongalenzi iphutha. Bonke, ngokuthanda kwabo, bayakhetha ukuthi bayophelelaphi, kanti uNkulunkulu ulawula konke ukuze kufezeke inhloso yaKhe."— Ellen G. White, *Prophets and Kings,* ikhasi 536.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, xoxani ngempendulo yombuzo wosuku lokuQala ngezindlela umphakathi nezizwe ezihlambalaza ngazo iqiniso likaNkulunkulu. Yiziphi lezo zindlela, futhi thina njengebandla namalunga, singasabela kanjani kulokho kuhlambalaza na?

2. Lendaba isifundisani ngokuthi usindiso akusikho kakhulu ukuthi sazi kangakanani, kodwa yindlela esisabela ngayo kulokho esikwaziyo? (bheka uDan. 5:22).

3. Funda kuDaniyeli 5:23. Yiziphi izimiso zokukholwa ezibalulekile ezitholakala kulendimana? Isibonelo: Lendimana isixwayisa ithini ngokweyisa uNkulunkulu? Noma, isifundisani lendimana ngokuthi uNkulunkulu akasiye-nje uMdali, kodwa futhi uphethe nokuphila kwethu?

4. Noma wayengazi ukuthi asho ukuthini amagama, uBelshesari washaywa uvalo (Dan. 5:6). Lokhu kusitshelani ngokuphila nonembeza onecala?